# ISIKHUMBUZI: USUDUMELA EMASUMPENI UMNQAMULAJUQU WOKUTHUNYELWA KWENHLOLOSIMOZIMALI KWESIKHASHANA KOMQASHI

**Pretoria, 22 kuMfumfu 2019 -** Abaqashi bayakhunjuzwa ukuthi sebesalelwe amasonto amabili nje vo ngaphambi kokuvalwa kwesikhathi sentela sokuthunyelwa kweNhlolosimozimali kwesiKhashana koMqashi i-Employer Interim Reconciliation mhla zingama-31 kuMfumfu 2019. Isikhathi seNhlolosimozimali sivule mhla zingama-23 kuMandulo 2019.

Njengababambiqhaza nabakhokhintela, abaqashi nabo bayamenywa ukuba babambisane nabakwa-SARS ekwakheni imali ngenhloso yokuthuthukisa iNingizimu Afrika. Ngonyakamali wezi-2017/2018, i-PAYE yenze u-96.4% weNtelangeniso loMuntu eliqoqiwe (Bheka ku-: *SARS' 2018 Tax Statistics publication, Chapter 1, Table A1.4.2*).

Isikhathi senhlolosimozimali sesikhashana sabaqashi sibheka amathransekushini esikhathi esiyizinyanga eziyisithupha kusukela mhla lu-1 kuNdasa kuya kumhla zingama-31 kuNcwaba kanti inhlolosimozimali yokugcina yonyaka yona ngeyonyaka wonke wentela kusukela mhla lu-1 kuNdasa kuya osukwini lokugcina kuNhlolanja, kanti futhi kumele kuthunyelwe ngenyanga kaMbasa nangenyanga kaNhlaba. Lokhu kulingana nokudalula inhlolosimozimali okubili okumele abaqashi bakwenze ngesikhathi sonyaka wokuhlola ukuze baqinisekise ukuthi izitifiketi zentela zabantu ama- IRP5/IT3(a) zikhishwa ngesikhathi ukuze abantu bakwazi ukubuyisa amaphepha entelangeniso ngesikhathi sokubuyiswa kwamaphepha entela.

Ngalezi zikhathi zenhlolosimozimali, umqashi kumele aqinisekise noma alungise amanani abewadalulile ezinyangeni eziyisithupha zokuqala konyaka wentela ekukhokheni ngokokuhola kwakho (i-Pay-As-You-Earn), kuLevi yokuThuthukisa amaKhono (i-Skills Development Levy), kuMinikelo yoMshwalense wokungaSebenzi (Unemployment Insurance Contribution) kanjalo nemiHlomulo yeNtela yokuQasha [i-Employment Tax Incentive (ETI)], kanye nezinkokhelo ezenziwe namanani entela avela ezitifiketini zentela zezisebenzi ama-IRP5 /IT3(a). Izinto okumele zihlangane uma zihlolwa ukudalula kwanyanga zonke, izinkokhelo ezenziwe - ngaphandle kwezinkokhelo zezinhlawulo nenzalo - kanye namanani e-Pay-As-You-Earn, iLevi yokuThuthukisa amaKhono, iMinikelo yoMshwalense wokungaSebenzi okuvela ezitifiketini zentela ama-IRP5/IT3(a).

Okunye okukhona ezinguqukweni zalo nyaka zesikhathi sokuthunyelwa kwenhlolosimozimali kwesikhashana kwabaqashi ukuthi uMhlomulo weNtela yokuQasha sewelulwe ngeminyaka eyishumi kuze kube unyaka wezi-2029. UMhlomulo weNtela yokuQasha (ETI) umhlomulo okuhloswe ngawo ukugqugquzela abaqashi ukuba baqashe abantu abasha abafuna umsebenzi. Unciphisa izindleko zokuqasha abantu abasha ngokunciphisa inani le-Pay As You Earn (PAYE) ekweletwa u-SARS ngaphandle kokuthikameza umholo wabaqashwa. Abaqashi abafanelekile ukuthola uMhlomulo kumele bathumele inhlolosimozimali i-EMP501 ngaphambi kokuphela kukaMfumfu ukuze bafake izicelo zokukhokhelwa nayiphi imali yoMhlomulo wanyanga zonke engazange isebenze ngezinyanga zokuqala eziyisithupha (kuNdasa kuya kuNcwaba).

Abaqashi abangathumeli nabangafaki isicelo salezi zinyanga eziyisithupha zokuqala (kuNdasa kuya kuNcwaba) bazolahlekelwa uMhlomulo weNtela yokuQasha okumele bawuthole.

Abaqashi abalinda ukuthumela ngesikhathi seNhlolosimozimali soNyaka bazokwazi ukufaka isicelo sokukhokhelwa imali yezinyanga eziyisithupha zesibili (kuMandulo kuya kuNhlolanja), angeke bakhokhelwe isikhathi sezinyanga eziyisithupha zokuqala.

**Ukuthuthukiswa**

Isikhathi seNhlolosimozimali kwesiKhashana koMqashi kuthuthukiswe ngalokhu:

- Ifomu le-HTML5 elisha ku-eFiling ukuze sikwazi ukunyusa ukusebenzisa nokuthumela imiyalezo ngaleso sikhathi.
- Kufakwe amakhodi omthombo omusha ku-IRP5/IT3(a) esigabeni sefomu esihlanganisa ukuchitshiyelwa kwezomthetho okuzosebenza kulo nyaka wentela ophezulu.
- Inqubo elula yokuqinisekisa izibalo zentela yokuqasha yezitifiketi ze-IRP5/IT3(a)
- Ungakwazi ukufaka isicelo sokuthola isitatimende se-akhawunti sesikhathi esingaphambi kowezi-2008.

**Imigudu yokufaka amaphepha entela**

I-SARS e@syFile™ Employer yisithangami esenzelwe umqashi ngamunye ukusiza abakhokhintela abangabaqashi noma abasingathi bohlu lwabaholelwayo, ukuze basingathe kahle izindaba zabo zentela. Abaqashi bangafaka amafomu ngokusebenzisa i-eFiling noma i-e@syFile™. Uma usebenzisa i-eFiling, ungakwazi ukuthumela izitifiketi ze-IRP5/IT3(a)

ezingafinyelela kwezingama-50 kanti uma usebenzisa i-e@syFile™ isibalo ongasifaka asinamkhawulo. Uma uwabuyisa egatsheni ungabuyisa izitifiketi ezifinyelela kwezinhlanu kuphela.

**Ukubhalisela intelangeniso yezisebenzi**

Abakwa-SARS sebesungule izixazululo zokubhalisa abantu abaningi ngesikhathi esisodwa ku-e@syFile™ ukuze abaqashi babhalisele intelangeniso yezisebenzi  bese bethola izinombolo zentelangeniso lezisebenzi zibekwa nje. Ngakho-ke, lokhu akudingi ukuthi isisebenzi siye egatsheni lakwa-SARS siyothola inombolo yentelangeniso.

Ngolwazi olwengeziwe sicela udawunilode isiqondiso somqashi i-"SARS e@syFile™ Employer User Guide" noma i-"A guide to using eFiling to register an employee". Umkhokhintela angaxhumana ne-Contact Centre kule nombolo 0800 00 7277 ukuze athole usizo.